



NATIONAL TREASURY

# Umkhombandlela...

# Ngesabelo sezimali sika 2009

## Siyini Isabelo Sezimali Sikazwelonke?

Unyaka nonyaka ngoFebruari ungqongqoshe wezeZimali wethula izinhlelo zikaHulumeni zokusentshenziswa kwemali, ukuqoqwa kwentela kanye namasu okubolekwa kwemali eminyakeni emithathu elandelayo. Lokhu kubizwa ngokuthi Isabelo Sezimali SikaZwelonke. Lokhu kuchaza indlela uhulumeni azimisele ukuqoqa ngayo imali yentela kanye nokubolekwa kwemali. Kubuye kuchaze nendlela lemali ezochithwa ngayo. Isabelo sezimali sikazwelonke sabela imali iminyango kahulumeni kazwelonke, izifunda kanye noomasipala. **Amazwibela esabelo kuphepha 3...**

## Izikhathi ezinzima phambili



Isimo somnotho emhlabeni jikelele sisesimweni esibucayi kakhulu kunaseminyakeni edlule. Inhlangotho yabasebenzi yomhlaba (International Labour Organisation), ichaza ukuthi bangama18 milione abangase balahlekelwe imisebenzi yabo kulo ongaphezulu. Lesisimo singahle sishube ngokweqile uma kungasekudlondlobale ukonakala kwezomnotho. Akukho nelilodwa ilizwe elisindile kulomnyama. Onke amazwe nalawo athuthukile nje ngeUnited States, iBritain kanye neFrance awathembisi neze uma kubhekwa ezomnotho. Kodwa isimo eNingizimu Afrika asisibi kakhulu, futhi kanti sifuna ukusigcina sinjalo. Eqinisweni sifuna ukuthi umnotho wethu uqhubeke nokukhula ukuze siqhubeke ukuphucula izimpilo zabantu baseNingizimu. Kuzofanela ukuthi sisebenzise isikhathi esizayo ukuhlangabezana nezingqinamba esibhekene nazo.

Nje ngasemazweni onke izinga lokuthuthuka komnotho wethu lehlile. Nathi sibhekene nenkinga yokulahlekelwa imisebenzi, kanti abaningi bethu bazohluleka ukukhokhela izindleko zabo. Ukwehla komnotho kuzoholela ekuthini uhulumeni athole imali encane yentela. Nakanjani uhulumeni uzofanela ukuboleka imali ukuhlangabezana nezidingo zawo. Noma

kunjalo uhulumeni uzoqhubeka ukufaka isizumbhulu semali ukusiza labo abahluphekile, kanti futhi uzogcizelela izinto ezidala imisebenzi. Ngaphezulu kwezigidigidi ezingu780 zamarandi zizochithwa ekwakheni izingqalasizinda eminyakeni emithathu ezayo. Kuzokwakhiwa iziteshi zokuphepha ugesi, imigwaqo kanye nojantshi besitimela. Uhulumeni uzophinda aphucule ubuxhakaxhaka bamanzi nezokuthutha indle. Kuzokwakhiwa nezindlu. Uhulumeni uzobambisana nabamabhizinisi kanye nezintlangano zabasebenzi ukuqikelela ukuthi imisebenzi ayilahleki ngokweqile.

Amazwe amaningi awakwazi ukuphumelela ukuhlangabezana nalesisimo njengeNingizimu Afrika. Okusiza ilizwe lethu ukuthi eminyakeni edlule siqinisekise ukuthi imali asiyiphathi budedengu. Lokhu kuyasisiza manje ukuvikela umnotho wethu kanye nalabo abahluphekayo. Kungakho nje sikwazi ukunyusa izindlela zokusiza abantu ngaphandle ngokukhinyabeza umnotho.

### Amazwibela ngesabelo

- Kongezwe izigidigidi ezingu12 zamarandi ukubhekana nezenhlalakahle
- Izigidigidi ezingu45 zamarandi zabelwe ukuthuthukisa imfundo, ezempilo kanye nemigwaqo ezifundazweni.
- IR10.9 billion yabelwe ukwakha izindlu, ukusiza abangenamanzi, nokuthutha indle koomasipala
- Kongezwe izigidigidi ezingu 5.4 zamarandi ukuphucula ezomthetho
- Ukubhekana nokuphucula nokwakhiwa kwezingqala-zizinda kwezokuthutha uwonke-wonke, imigwaqo kanye nezesitimela kufakwe 6.4 izigidigidi zamarandi.

Noma uhulumeni ezozama ngezindlela zonke ukuhlangabezana nezidingo zabemi bakuleli, kuzobanzima. Abasebenzela uhulumeni bafanele bazi ngaso sonke isikhathi ukuthi akufanele basebenzise izimali budedengu ngoba kufanele kuhlomule wonke umuntu ohlala kuleli. Sonke sifanele sibambe iqhaza ekuqikeleleni ukuthi umnotho welizwe lethu ubuyela esimweni esigculisayo.



## Imisebenzi yomphakathi izonika iningi amathuba okusebenza



Uhulumeni uzama ngakho konke ukudala amathuba omsebenzi. Uhlelo lwemisebenzi eyandisiwe lwaqala ngoka2004/05. Eminyakeni emihlanu yokuqala loluhleloludale amathuba angu70 000 omsebenzi. Kwandiswe inani

la basebenzi kwizingqala-zizinda zikahulumeni. Le misebenzi noma ibinge yesikhashana inike abantu amathuba okuzuza ubuchwepheshe kanye nemali. Ngoka2009 uhlelo olusha lwemisebenzi enwetshiwe

luzoqalwa. Ingaphezulu kwe zigidigidi ezingu 4.1 imali ezotshalwa kuloluhlelo ukudala amanye amathuba emisebenzi. Le misebenzi izodaleka kanje:

- Izinhlalo zokongela abagulayo emakhaya
- Ezokwakha, ukulungisa nokugcina ezemvelo
- Izinhlalo ezintsha ezizokwenziwa izintlangano zomphakathi nezokukholwa

Uhulumeni uzimisele ukongeza imisebenzi eqikelelwa ku400 000 ngoka2014. Lokhu kuzo kwehlisa izinga lobuphofu nokuntuleka kwemisebenzi.

## Ukutshalwa kwezimali ekwakheni uhlelo lwezokuthutha zika wonke-wonke

Uhlelo lobandlululo lwaqikelela ukuthi abasebenzi bahlala kude nezindawo abasebenza kuzo. Ukulungisa le nkinga uhulumeni uzofaka imali ukuthuthukisa ezokuthutha zikawonke-wonke.

Kuloluhlelo kuzokwakhiwa oojantshi bezitimela, kuthengwe izitimela ezintsha namabhasi. Abamabhasi nabezitimela bazonikwa umxhaso, kanti amatekisi angaphephile azokhishwa emgwaqweni. amatekisi amasha abekelwe izigidi ezingu350. Kulindelwe ukuthi eminyakeni emithathu ezayo amatekisi anga17 000 akhishwe emigwaqweni. Uhulumeni uzonika abakwaRail Commuter Corporation imali ezigidigidi ezingu 25 ukuthenga izitimela ezintsha nokuvula izindlela ezintsha. Kuzophindwa kwandiswe isabelo sokuthuthukisa ezokuphepha, ukuphungula inani lezingozi kanye nokuphuza ukufika kwezitimela. Uhlelo lweGautrain oludle iR25 billione selubheke emaphethelweni kanti kuzothi kufika u2010 sibe lesi sitimela sibesihamba phakathi kweOR Tambo Airport neSandton.

Uhulumeni uzonika amadolobha amakhulu iR12 billione eminyakeni emithathu ezayo ukwakha izinkonzo zamabhasi ezisheshayo. IJohannesburg isiphambili kakhulu futhi kuzothi kushaya uJuni 2009 bazobe sebecithe iR1.2 billione kuloluhlelo lwamabhasi elibizwa ngokuthi iRea Vaya. IKapa isikhiphe ithenda yokwakha ingqala-sizinda yaloluhlelo. Ingama R600 million imali ezosetshenziswa kulokhu. Umxhaso wokuhlangabezana nokunyuka kwezindleko kanye nokunyuka kwesibalo sabagibeli uzonikwa abamabhasi.

Kubekelwe eceleni imali yokulungisa ezokuhamba emaphandleni.

## Uhulumeni wandisa izimali zenhlalakahle ukusiza abampofu

Uhulumeni unika imali yezenhlalakahle kubantu abevile kwizigidi ezingu13. Loluhlelo lusiza labo abahluphekile ikakhulukazi izingane ezincane, abakhubazekile kanye nalabo abasebekhulile. Uhulumeni uyababhekela nalabo abasand'ukulahlakelwa umsebenzi, aphinde anike abahluphekayo ithuba lokufunda mahala, ukunyangwa lwamahala, ugesi namanzi kokukhokha imali. Labo abacindezeleke ngokweqile bangathola usizo

lwesikhashana izinyanga eziyisithupha.

Abantwana abangaphansi kweminyaka engu15 abazali babo bathola imali engaphansi kweR2 300 bangahlomula kwimali yezenhlalakahle yabantwana. Abesilisa abaneminyaka engaphezu kwe63 nabesimame abangaphezu kuka60 bangahlomula kwimpesheni yabadala uma ngabe behola imali engaphansi kwemali ethile. NgoAprili

ka2009 iminyaka yokulungela ukuthola impesheni kuzoba ngu61 kanti ngoAprili ka2010 izokwehla ibe ngu60.

Ezenhlalakahle zizokwabelwa kanje:

- Impesheni yabadala, abakhubazekile kanye nalabo ababheka izingane izonyuka ngoR50 ibe iR1 010 ngenyanga
- Eyokondla izingane izonyuka ngeR10 iyofika kuR240 ngenyanga
- Imali yezintandane isizoba iR680 ngenyanga

Ku2009/10 imali ezochithwa kwezenhlalakahle izoba ngamaR80 billione. Lokhu kungamaphesenti angu12 emali yonke ezochithwa uhulumeni. INingizimu Afrika elinye lamazwe aphambili abhekela abantu bayo ngale ndlela.



## Okusemqoka

### Ukuchithwa kwemali ezinkonzweni zomphakathi

#### Kwezomnotho

- Kulindeleke ukuthi iGDP izokhula nge 1.2 amaphesenti ngoka2009 bese uyadlondlobala ukufika ku maphesenti angu5.8
- Iconsumer price inflation izokwehlela kumaphesenti angu6 ngoka2009
- Ingaphezulu kwezigidigidi ezingu780 zamarandi ezibekelwe ukwakha izingqala-zizinda eminyakeni emihlanu ezayo
- Kulindelwe ukuthi isabelo sizobaphansi ngamaphesenti angu3.8 ngo2009/10 ngaphambi kokunyuka ngo1.9 phesenti ngoka2011/12
- Kulindeleka ukukhula ngo5.1 phesenti ukusetshenziswa kwemali uhulumeni

### Okufakelwe ngaphezulu kokuchithwa kwemali eminyakeni emithathu elandelayo

- IR24.8 billione izonikwa izifundazwe ukuyisebenzisa kwezempilo nemfundo
- IR4.1 billione izosetshenziselwa isigaba sesibili semisebenzi yomphakathi enwetshiwe
- Bazohlomula iR4 billione abezikolo ukwandisa uhlelo lokondla izingane zesikolo
- Izingqala-zizinda zezifundazwe zizosindlekwa nge R2.1 billione
- Oomasipala bazokwabelwa isigidigidi esisodwa samarandi ukwakha izingqala-zizinda kanye nemisebenzi yamanzi
- Izigidi ezingu600 zamarandi zizokwabelwa oomasipala ukuze banike izinkonzo zamahala
- Isigidigidi ezi3.7 zizokwabelwa ukwandisa imali yezindlu
- Izigidi ezingu932 zabelwe ukunyangwa nokuvikela igciwane nesandulela ngculaza
- Ezokugcina umthetho zizogugulwa kuze kufakela nokugcina iminwe kanye neDNA. imali ezochithwa iR5.4 bilione
- IR12 billione yongezwe kwisabelo semali yezenhlalakahle kanye nendlela yokuziphatha
- R6.4 billione ibekelwe izingqala-zizinda kwezokuthutha zika wonke-wonke, imigwaqo noojantshi.
- Izigidi ezingu 700 zamarandi zizosetshenziswa ukuphucula emaphandleni

### Ezentela

- Ingu13.6 billione imali ezobuyiselwa abantu
- Intelu kuphethiloli nodizili zizonyuka nge40.5 ne41.5 amaphesenti
- Iphakethe likasikilidi lizobiza ngaphezulu ngo88 amasenti
- Ibhodlela lewayini (750ml) lizobiza ngaphezulu ngamasenti angu10.5
- Ikani likabhiya (340 ml) lizobiza amasenti angu7 ngaphezulu kanti ibhodlela lizobiza uR3.21 ngaphezulu.
- Izimoto ezintsha zizofakelwa intela kanti namalambu athile azothelwa
- Izikhwama zeplastiki zizonyuka ngesenti elilodwa